KZNCC

KWAZULU-NATAL CHRISTIAN COUNCIL

50 Langalibalele Street - P.O. Box 2035 Pietermaritzburg 3200 South Africa
Tel: +27 (0) 33 3454819 Fax: +27 (0) 33 3949965 Email: info@kzncc.org.za

16 KuMbasa 2020

Baholi bezenkolo kwisifundazwe sonke sakwa Zulu Natali

IMPENDULO YEBANDLA NGENHLEKELELE YE COVID-19: ISIMEMO KUMABANDLA KWAZULU NATALI

Siyanibingelela egameni leNkosi Ujesu, uMsindisi wethu.

Ubhubhane lwesifo i-COVID-19 ludale ingcindezi nokwehlukana kwemibono kwezikamoya, udlame lwemindeni, ukuphela kwemisebenzi, ukungabi bikho kokudla emakhaya Kanye nokwanda kobhubhane emakhaya. Amaviki alandelayo kuyabonisa ukuba azoba nzima kakhulu.

Manje sekuyisikhathi sokuthi njenge bandla (kumazinga onke kwisifundazwe sonkana), ukuba sihlangane siphume nesisombululo kube khona esikwenzayo ngenxa yomthelela yobhubhane esibhekene nawo.

Inhlangano/Umkhandlu wamabandla KwaZulu Natali jikelele ngokuhlanganyela nobuholi bezinye izinhlangano zamabandla imise uhlaka lwezenkolo oluzobhekana nobhubhane i-covid-19.
Loluhlaka ke luhlanganisa ezinye izinhlaka ezinhlanu (Task Teams) ukuba zihole zilekelele ukulwa nalolubhubhane ezingeni lika Masipala, ezingeni lezinhlangano zamabandla zesifunda kanye nasemabandleni. **Kanjalo siyanxusa ngokuzithoba okukhulu, simema abaholi kwisifundazwe sonke sakwa Zulu Natali, ukuba sihlangane ukudingida lokhu okulandelayo:-**

1. Sicela kube khona ukuxhumana ngokusebenzisa ithekhinoloji yesimanje manje.
2. Khuthaza ibandla ukuba lizile likhuleke, bese libe usizo ekulweni nalobhubhane
3. Sicela nihlanganise iminikelo enjengokudla nemali kubantu abantulayo.
4. **Qaphela** : Sicela nidlulise izincwadi enizozithola neminye imininingwane ezothunyelwa kunina izikhathi ezahlukene.
5. **Qaphela** : Inkombandlela noma iseluleko nizosithola lingakapheli leliviki.
6. Sicela ukuba nivule izindawo zama Sonto zibe “yizindawo zokubuyiswa kwethemba” ukulekelela ukusiza ngesikhathi sokulwa nalolubhubhane.
7. Sicela sithole imindeni edinga usizo bese sazisa izinhlaka zethu ezehlukene. Niphinde nazise izinhlaka ngalabo abangadinga olunye usizo isibonelo:- abadala, imindeni entulayo, abangaphilile nabafisa ukuvolontiya.

Impi yalolubhubhane izobe ihamba phambili emphakathini yethu ikakhlukazi kwizikhungo zezempilo.
Sidinga sibe ngabalungele ukuba sibambisane kulelizinga ukuba silwe nalesisifo.
Bathandekayo eNkosini lesi yisikhathi sokuba a,mabandla ethu ame ndawonye njengo Msamariya olungileyo singabi abaPristi abangcwele noma amaLevi.
Asilinganise uJesu ngokuba sizibandakanye siziphophezele isikathi sethu, amakhono ethu,
Kanye nezinsiza esinazo ukulekela izisulu ze COVID-19.
Masibe ngabalindi babafowethu nodadewethu.

KZN COVID-19 CHURCHES RESPOND
UKWENZA
CONVENED BY KZN CHRISTIAN COUNCIL

Asikho esinye isikhathi esingcono sokubhekana nalolubhubhano ngaphandle kwaleli viki elingcwele lePhasika-ngaphandle kokusabela kulolu bizo

Ungaxhumana nalaba abalandelayo: kzncccovid19@gmail.com

1. **Mxoli Nyuswa:** Zululand, King Cetshwayo & uMkhanyakude district municipalities
2. **Revd Sonto Thusi:** Uthukela, Amajuba & uMzinyathi district municipalities
3. **Revd Milton Cele:** Ugu & Harry Gwala (South) district municipalities
4. **Revd, Dr Lucas Ngoetjana:** uMgungundlovu district municipalities
5. **Bishop Nathi Zondi, Pastor Ivan Haylock and Pastor Peter Watt** Greater eThekwini Metro area

Bafowethu nodadewethu kuKristu, lolu ubizo. Sizoqhubeka sixhumane ngeminye imininingwane kulezi zinsuku ezizayo.

Sengathi uNkulunkulu wethu angasiqinisa asihole kulesivunguvungu-asise ekuthuleni lokhu Inkosi yethu uJesu ekulethayo kuulabo abambizayo. “O’ Nkosi siyakudinga kulesikhathi!

Egameni lobuholi bakwaZulu-Natal bonkana , nangenxa yoKholo lwethu,

+Wilfrid Cardinal Napier OFM

Chairman of the KZN Church Leaders Group

Dean Nkosinathi Myaka

KZNCC Chairperson

KZN COVID-19 CHURCHES RESPOND

CONVENED BY KZN CHRISTIAN COUNCIL

UKWENZA